Downloaded from Stanmorephysics.com

Mafukuzela Ghandi Circuit Management Centre

# INANDA COMPREHENSIVE CLUSTER 2025
# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
# ITHASKHI YESISHAGALOMBILI (T8)
# UMBHALO WOBUCIKO

# GRADE:10

Stanmorephysics.com

**Isikhathi** : **1 ½**

**Umhloli/ Abahloli** : ____________________________________________

**Umcubunguli** : ________________________

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
3. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

***"NGIYAZIQHENYA NGOLIMI LWAMI"***

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INKONDLO
## UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**AMALUNGELO- S MAPHUMULO**

Sawalwela la 'malungelo',
Sawathol' ekugcineni,
Nginelungelo nawe unelakho,
Ngivikelw' umthetho nawe futhi.

Liqalaph' ilungelo lomuntu,
Ligcinaphi leli lungelo?
Ngibasathe ngiyakhulum' ekhaya
Ngitshelwe ngamalungelo.

Ayaxabana yini nesikompilo la 'malungelo'?
Amadod' asaphenduk' izithombe,
Omame sekwab' umhlambi kazelusile,
Abantwan' ezikoleni sekwaba luvanzi,
Isithunzi sikathisha, dwe!!

Sibhekephi namalungelo?
Ngakube siyaphambili?
Ngibon' ubumnyama,
Ukukhala nokugedla kwamazinyo,
Kwabajahe phambili.

Ngibambelele kokwami,
Ngibambelele kwengakhuliswa
Nganikwa khona zinyanya zakithi,
Ezanginika ilungelo lenhlonipho,
Nokwazis' isiko lokuhlonipha
Uyihlo nonyoko
Ngimi kulelo dwala.

Enkondlweni “Amalungelo” imbongi ikhuluma ngokuziphatha kwabantu.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kulokhu okulandelayo ukukhethwa kamagama kanye nomoya wenkondlo. Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-90 kuya kwayi-140.

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE- L MOLEFE**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

*(Alishaye ifasitela ngesidunu sesibhamu uVelevele atheleke phakathi kungalindelwe.)*

NINGI: Nkosi yami! nguVelevele!

VELEVELE: (*Ebakhombile ngesibhamu.)* Benithi nihlakaniphile. Zintombi ezinhle. Ningabe nisanyakaza. *(Akhulume nocingo abeseluchofile vele.)* Makhosini, yiza nekhompiyutha ephathwayo esemotweni. Uyishiye imoto.

ZODWA: Velevele...!

VELEVELE: Angidingi ukubizwa nguwe manje. Ngempela benithi nihlakaniphile. Ukwenza kuyashiyana.

NINGI: *(Ngovalo.)* Sixolele.

VELEVELE: Niyoxolelwa ezulwini kuphela, hhayi lapha kimi. ZODWA: Bandla Velevele...

*(Kungene uMakhosini ngefasitela elifile.)*

MAKHOSINI: Makhosazana... nisilinde lapha kanti. Besingazi, niyazi?

NINGI: Hhawu, nangu omunye.

VELEVELE: Makhosini mnike ikhompiyutha leyo ephathekayo umnike ucingo lwakho. Uzoyixhuma khona silapha adlulisele imali yami ku-akhawunti yami.

ZODWA: Ngiyilahlile i-akhawunti yakho.

NINGI: Yithi ngiyibheke. *(Etatazela)*

VELEVELE: Ngena ekhompiyutheni. Nginayo lapha kimi.

ZODWA: *(Exhuma izinto zakhona masinyane.)* Ngiyaxolisa,

VELEVELE: Ngithe akekho umuntu ozochitha isikhathi ngokuxolisa.

NINGI: Thula, Zodwa. Dlulisa imali yabo njengoba besho, *(Ayisebenze masinyane.)*

ZODWA: Ngiyaqeda khona manje.

NINGI: Uma uqeda umkhombise, abone ukuthi uyidlulisile, MAKHOSINI: Benithi nenzani nje kodwa?

ZODWA: Musa ukubakhulumisaı Makhosini, Yizihlakaniphi lezi. Zizophunyula khona manje.

NINGI: Ngeke siphunyuleı bandla, MAKHOSINI: Sebenzani!

VELEVELE: Ngicela ukuthula manje. Makhosini, ngena kulawa amanye amakamelo.
Sesithathe ishansi saqala umsebenzi singabonanga ukuthi akukho muntu yini obhizi obiza amaphoyisa.

MAKHOSINI: Yiqiniso. (Aguduze emakamelweni.)

ZODWA: Sengiqedile.

NINGI: Sidedeleni bandla.

VELEVELE: Yithi ngibone ukuthi... *(Kungene umbiko ocingweni lwakhe.)* Hhi! Ingene ngempela le mali. (*Amemeze ngokucophelela)* Makhosini, buya!

MAKHOSINI: Sekusebenzekile?

VELEVELE: **Asidliwe zintaba**. Asizunibulala mantombazane. Kuphela nje aninaholo.
Buyelani emsebenzini wenu wasemgwaqweni.

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.1 Shono umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana somdlalo. (2)

2.2 Nikeza isizathu esenza ukuthi uVelevele akhombe oNingi noZodwa ngesibhamu siqeshana. (2)

2.3 Chaza kafushane umlingiswa ongu-Ezile ukuthi uvezwe njengomlingiswa onjani ngamaphuzu amathathu. (3)

2.4 Nikeza okufanayo Phakathi komlingiswa onguVelevele benoMakhosini ukuthuthukisa indikimba yalo mdlalo. (3)

2.5 Uthini umyalezo odluliswa umbhali ngale noveli? (2)

2.6 Chaza kafushane isethulo/isingeniso salo mdlalo. (3)

2.7 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda sasemadolobheni kulo mdlalo okuyindawo yaseMangaung eBloemfontein? (2)

2.8 Ingabe amagama abhalwe ngokugqamile akwelekelele kanjani ukuqonda lesi siqeshana? (3)

2.9 Ingabe isenzo sikaZodwa noNingi sokudayisa ngomzimba samukelekile yini kuwena? Sekele impendulo yakho. (2)

2.10 Uyazwelana yini noDesmond ngokuthunjwa kwakhe ukuze kuqolwe imali yakhe? Yikuphi wena owawungakwenza ukuba lesi simo sasibhekene nawe. (3)

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

***UKUFA KUKASHAKA- E Zondi***

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

> UJeqe: Ngonyama! Ngizokubhekelwa ngubani ngingazi noma umphumela wodaba ebingikhiphe ngalo ingonyama ufezeke ngakho yini?
> UShaka: He — he — he! Wakhuluma Jeqe, ngena ngizwe ukuthi ungigodleleni, gwala ndini.
> UJeqe: **Zul' eliphezulu, izikhali zami zisele ebaThenjini, ngikhulekela ukuba iNgonyama ivele ingibheke, ngife**; awukho umnyezane oyodlula lowo.
> UShaka: Uthini uJeqe mfowethu?
> UDingane: Jama! Ayikho inja eluma isandla esiyiphakelayo. Ithi ingwazi yakithi vela ikukhethele, ikukhombise ukuthi izwi lakho lifakeni esikhwapheni sayo. *(Baphume beme phandle.)*

Downloaded from Stanmorephysics.com

UJeqe: Nodumehlezi kaMenzi! Nakho okuncane engikuphosa esivivaneni sezwe, ngehlulekile baba, angizitholanga izinkabi ezituluzelayo ongazisika

izihlangu zisikeke, lab' ogondo yizona zinkabi zasebaThenjini. Ndabezitha!
UShaka: Uma kuyimixhopho yasebaThenjini lena, kufanele kengithumele ibutho keliyongondlela khona. Uthini Dingane?
UDingane: Elakho lonke izwe Senzangakhona.
UShaka: Kade ngakubona Jeqe ukuthi uyindoda emadodeni.
UJeqe: Nkosi! Sikhonela wena. *(Bangene endlini.)*
UShaka: Awulande Jeqe.
UJeqe: Ndabezitha! Emva kwezinsuku ezintathu safinyelela kwelabafokazana, saziqhuba izinkomo libalele nasebukhweni bezinja; sathi ngoba singalandelwa muntu ibanga elide sazikhohlisa ngokuthi leli lizwe alinamadoda, lineminqolo; kanti, Nkosi, sizishaya ngemfe iphindiwe ngoba banele babona izihlangu zethu nomkhonto wethu owodwa, babona ukuthi uZulu, bayihlomisa.
UShaka: Nibathathu nje?
UDingane: Wasibulala uJeqe. (Esho ngenhliziyo.) Ndaba! Uthi abanini zinkomo bahloma.
UJeqe: Yakhala ukukhala lokhu imbungu.
UShaka: Nenzenjani qhawe lakithi?
UJeqe: Sabona ukubhubha kwethu, Nkosi.
UShaka: Nangenwa amanzi emadolweni?
UDingane: Jama, yayigane esokeni kuJeqe.

3.1 Chaza umoya othalakala kulesi siqeshana somdlalo. (2)

3.2 Nikeza isizathu esenza ukuthi uJeqe athi akazi ukuthi inkosi uzoyibhekelwa ngubani. (2)

3.3 Chaza kafushane umlingiswa onguShaka ukuthi uvezwe njengomlingiswa onjani ngamaphuzu amathathu (3)

3.4 Nikeza okuthathu uMkabayi angakunambithisisi kahle okwenziwa yinkosi uShaka (3)

3.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda sasemandulo kulo mdlalo okuyindawo yaKwaZulu. (3)

3.6 Kungani umbhali ebhale ngendikimba yokufa (2)

3.7 Chaza isizathu sombhali sokusebenzisa umlingiswa onguMbopha kulo mdlalo. (2)

3.8 Ingabe amagama abhalwe ngokugqamile akwelekelele kanjani ukuqonda lesi siqeshana?

3.9 Ingabe isenzo sikaMkabayi sokuba afake umoya uDingane wokuthi babulale uShaka samukelekile yini kuwena? Sekele impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

**ISINGNISO**

- Impela kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi abantu baziphatha ngezindlela ezahlukahlukene uma sebezuze amalungelo. Kule nkondlo imbongi ibuka ubuhle bamalungelo esawathola sonke, iphinde iwagxeke lamalungelo indlela obaba emakhaya sebaba yizothombe. Lokhu kufakazelwa ukukhethwa kwamagama kanye nomoya otholakala enkondlweni.

**UMZIMBA**

- Imbongi ikhethe amagama athi "sawalwela amalungelo" ukugqamisa ukuthi lamalungelo atholakala kanzima, kwachitheka igazi kwafa nabantu abanningi ukuze atholakale. Iphinde igqamise ukuthi la malungelo bagcina bewatholile futhi bevikelwa nawumthetho. Imbongi iphinde igqamise umoya wokuncoma ukuba khona kwamalungelo nokuthi avikela wonke umuntu.

- Imbongi iphinde yakhetha amagama athi "sibhekephi nalamalungelo? Ukugqamisa ukudideka ngendlela ezisebenzisa ngayo amalungelo ethu, iyazibuza iyaziphendula ngala malungelo ukuthi aqalaphi futhi aphelela kuphi. Nasekhaya itshelwa ngawo lamalungelo. Imbongi igqamisa umoya wokudideka, ididwa indlela abantu abasenezisa ngayo amalungelo engamukelekile.

- Imbongi izibuza umbuzo wokuthi ngabe amalungelo ayaxabana yini? nendlela eyiyo yokuphilisana kwabantu?. Iveza nokuthi abafundi abasahloniphi baqhakambisa amalungelo, emakhaya akusenamthetho. Ukugqamisa umoya wokukhathazeka uma ibona ukuthi lamalungelo ayona kakhulu kunokuthi kulunge izinto.

- Amakhosikazi awasafuni ukukhuzwa nokuhlonipha abayeni ngoba bazi ukuthi banamalungelo okwenza noma yini abayithandayo. Imbongi inokudideka kanye nomoya wokukhathazeka noma ukumangala ngendlela lamalungelo asetshenziswa ngayo.
- Imbongi ibona abantu beyogcina ngokuzisola ngenxa yokuqhakambisa amalungelo nalapho kungafanele khona. Imbongi iveza umoya wokukhathazekile ithi ayiboni ukuthi lamalungelo kukhona la ayosifikisa khona ngaphandle kokuzisola kamuva.

**ISIPHETHO**

Kuleli binza imbongi ithi yona izobambelela kweyakufundiswa ekhaya ngoba kunesisekelo esiyiqiniso. Lokhu kugqamisa umoya wokuyala.
Impela ukuziphatha kwabantu uma sebezuze amalungelo baziphatha ngezindlela ezahlukene. Kule nkondlo abantu abasahloniphi ngenxa yamalungelo.

*(Namanye amagama anembayo azokhethwa abafundi afakazela isitatimende amukelekile.)*

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

2.1 Umoya wokucasuka. UVelevele uthukuthele ukuthi oNingi bazenza abantu abahlakaniphile ngoba bebajikele bazama ukubaleka nemali abayithole ngamagqinga abo oVelevele beqola uDesmond. (2)

2.2 UVelevele ukhombe oNingi ngesibhamu ngenxa yokuthi bazama ukubaleka nemali abayithole besebenzisana beqola uDesmond. ONingi babaleka nemali bafuna ukuyidla bodwa. (2)

2.3- U-Ezile uvezwe njengomlingiswa oneqiniso

- Akahambelani nezenzo zobugebengu
- Ufuna ukusiza isola lakhe uVelevele ukuthi liyoqala impilo yalo kabusha eMbali endaweni yaseMgungundlovu ngakubo emva kokuphuma ejele.
- Akaguquki ezinqumweni zakhe ngisho esebona itshe le mali eyayingene ku akhawunti yesoka lakhe uVelevele. (3)

2.4 Bobabili oVelevele benoMakhosini bayizigebengu, bafuna ukuthola imali ngokuqola uDesmond. Banephupho lokuyoqala impilo entsha ezweni laseNigeria uma bethola imali kaDesmond. Kabafuni ukuthi kube khona ofayo uma kwenziwa ubugebengu. (3)

2.5 Umlayezo odluliswa umbhali ngalo mdlalo ukuthi um wenza izenzo zobugebengu ekugcineni uzobanjwa bese uboshwa. (2)

2.6 Kusethulo sethulelwa umlingiswa ongummeleli uVelevele ophuma ejele kade eboshiwe. Lo mlingiswa unomngani wakhe aphuna naye ejele okunguMakhosini, isisusa sodweshu ukweswela imali kwalaba balingiswa okuholele ekuthenu oVelevele bacabange iqhinga lokuthola imali kaDesmond. Waphinde wasethulela nesizinda okuyindawo Bloemfontein, yaseMangaung. Isimo senhlalo asisihle kubalingiswa abangoNingi noVelevele. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.7 Umbhali ukhethe isizinda sasemadolobheni ukukhombisa ukuthi ubugebengu obuningi benzeka ezindaweni zasemadolobheni. Njengoba oVelevele benze iqhinga lokuyobamba uDesmond inkunzi. Baphinda basebenzisa amantombazane asemadolobheni kujwayelekile ukuthi azibandakanye ezenzweni zobugebengu.
Nezinye izimpendulo ezinembayo. (2)

2.8 Amagama abhalwe ngokugqamile angelekelele kahle ekutheni ngiqonde ukuthi izigebengu ezingoVelevele benoMakjhosini sebeyitholile imali manje sebeyabaleka. Baya lapho bengaziwa muntu khona.
Nezinye izimpendulo ezinembayo zamukelelile. (3)

2.9 Yebo samukelekile. Kuleli lizwe amathuba emisebenzi ayivelakancane abantu abaningi bazithola bebulawa yindlala bengazi ukuthi bathathe ini bahlanganise nani, yingakho noNingi benoZodwa bezithola bedayisa ngomzimba.
Asamukelekile. Ukungabi bikhjo kwemisebenzi akusho ukuthi sekumele udayise ngomzimba. Ungaboleka imali kubantu uqale ibhizinisi ongaziphilisa ngalo.
Izimpendululo ziyohluka (2)

2.10 Yebo ngiyazwelana. Abantu abanjengoDesmond bazithola besenkingeni ngenxa yokuba nezinhliziyo ezinhle. Naye uDesmond uzithola esenkingeni yokuthunjwa ngenxa yokuba nenhliziyo enhle kuNingi.
Nezinye izimoendulo ezinembayo zamukelekile. (3)

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

**UKUFA KUKASHAKA**

3.1 Umoya wokwethuka /wokwesaba.UJeqe uthukile/ uyesaba akazi ukuthi inkosi izomjezisa kanjani njengoba yena nebutho lakhe behlulekile ukunqoba eBathenjini babuya belambatha izikhali zabo zisele khona futhi abazitholanga izinkomo obekuthiwa babuye nazo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.2 UJeqe uyesaba ukubhekana nenkosi ngoba yena nebutho lakhe bahlulekile ukunqoba impi eBathenjini babuya bengaphethe lutho izikhali zabo zisale khona nezinkomo bengazitholanga. (2)

3.3 Umlingiswa onguShaka uvezwe njengomlingiswa ozinikelayo entweni uma eyenza njengoba wenza ngakho konke okusemandleni ukuthi akhulise sizwe samaZulu

-Akazwani nabantu abaphula umthetho njengoba simbona ejezisa uMankenkeza,

-Ungumuntu onesihluku uma wenze into angahambisani nayo. (3)

3.4 - Imizi seyiphenduke amanxiwa,

- izintombi zijendevisiwe nezinsizwa zathenwa
- amakhehla nezalukazi kuthiwa akuganane
- amasimu asephenduke amafusi, izwe liphenduke ihlane
- abantu sekuyizimamba nezilo
- inkosi uShaka uyisola ngokuthi iphethe ngesihluku

**OKUTHATHU KWALOKHU** (3)

3.5 Umbhali ukhethe isizinda sasemandulo, okuyindawo yakwaZulu ngenhloso yokugqamisa umlando wenkosi uShaka njengoba yayiphethe endaweni yakwaZulu ngesikhathi sasemandulo lapho okwakwenzeka khona zonke lezi zigameko ezikulo mdlalo futhi indawo lapho okwahlelwa khona ukubulawa kwayo kuhlelwa uMkabayi ebambisene noDingane, uMhlangana noMbopha kaSithayi ebambisene noDingane, uMhlangana noMbopha kaSithayi. (3)

3.6 Umbhali ubefuna sazi ngombango owaba khona wesikhundla sobukhosi bakwaZulu ngesikhathi sikaShaka nokuthi sazi ukuthi wafa kanjani. (3)

3.7 Umbhali ubehlose ukusivezela ukuthi abantu abangakufaka ebungozini/abangakuholela ekufeni yilabo osondelene nabo, njengoba uMbopha uyena owasetshenziswa uMkabayi ukubulala inkosi uShaka. Uhlose ukusifundisa ukuthi sibaqaphele abangani ngoba abanye babo bengakubulalisa.

**NEZINYE IZIMPENDULO EZINEMBAYO** (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.8 Amagama abhalwe ngokugqamile angelekelele kahle ekutheni ngiqonde ukuthi uJeqe wehlulekile empini njengoba bebethunywe ukuyohlasela eBathenjini. Uyasaba ukuthi inkosi njengoba ehlulekile futhi uzimisele ukuthi imjezise njengoba engazitholanga izinkomo obekuthiwe babuye nazo kanti futhi nezikhali zabo zisale khona eBathenjini. (2)

3.9 Isenzo sikaMkabayi asamukelekile. Siqhatha umndeni lokhu kuzokwenza nabo oDingane bamesabe ukuthi nabo ngelinye ilanga uyokwenza itulo lokuthi babulawe. (2)

3.10 Yebo ngiyazwelana naye ngoba konke akayekwenza wayekwenzela ukukhulisa isizwe samaZulu. Wayengenazo izinhloso zokubulala ngenzondo wayesuke efuna ukuqondisa izigwegwe labo abathile ababesuke bonile kodwa lokho kwagcina kumbulalisile ngoba uMkabayi wayebona sengathi unesihluku futhi nezintombi ziyaguga zingaganile ngenxa yokuthi abadoda ahlala esempini .

Nezinye izimpenduli ezinembayo (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESEWONKE:35**